OKWENZEKA ZONKE IZINSUKU

UMsombuluko 3 JUNE 019: **SS. Charles Lwanga & Companions**, Martyrs, *memorial*.
R1 Ac 19, 1-8; Ps 67, 2-3. 4-5ac. 6-7ab. Go Jn 16, 29-33.
06h30: 07h00 : Morning Prayer

OLwesibili 4 JUNE 2019:
R1 Ac 20, 17-27; Ps 67, 10-11. 20-21. Go Jn 17, 1-11a.
6h30: Mass 07h00 : Morning Prayer; 10h00: Mass **17h30: CHARISMATIC GROUP**

OLwesithathu 5 JUNE 2019: **St Boniface**, Bishop & Martyr, *memorial*.
R1 Ac 20, 28-38; Ps 67, 29-30. 33-35a. 35bc and 36c. Go Jn 17, 11b-19.
06h30: Mass 07h00 : Morning Prayer; 10h00: Mass

OLwesine 6 JUNE 2019**:**
R1 Ac 22, 30; 23, 6-11; Ps 15, 1-2a and 5. 7-8. 9-10. 11. Go Jn 17, 20-26.
06h30: Mass 07h00 : Morning Prayer

OLwesihlanu 7 JUNE 2019:
R1 Ac 25, 13b-21; Ps 102, 1-2. 11-12. 19-20ab.
Go Jn 21, 15-19.
06h30: Mass 07h00 : Morning Prayer; 10h00: Mass **UKUDUMISA UBUSUKU BONKE**

UMgqibelo 8 JUNE 2019:
R1 Ac 28, 16-20. 30-31; Ps 10, 4. 5 and 7.
Go Jn 21, 20-25.
07h00: Mass; 11h00—12h30 & 16h30—17h00: Confession; 17h30: Mass

ISonto 09 JUNE 2019: **ISONTO LEPHENTEKHOSTE-C**
07h45: Mass (English) 10h00: Mass (Bilingual) 12h00 :Mass (IsiZulu)

IZIMEMEZELO

1. **UMNIKELO WESIBILI :** Owe SVDP- Sicela niphane. -SVDP inikeza amaphasela okudla abiza inani lika R3000.00+ ngenyanga. Ngaphandle kwalokhu, babuye basize ngezinye izinhlelo njenge indawo yokulala kanye nezinye izidingo. Uma kukhona odinga usizo angashiya imininingwane yakhe ehhovisi lepherishi.

2. **UKUZINIKELA KWIPHERISHI YETHU:** Umphathi kanye nomKhandlu woKwalusa iBandla uyanicela nonke ukuba nizinikele ukuza kanye nokuzibandakanya kukho konke okweBandla kulonyaka ka 2019. Singumndeni kaNkulunkulu, sikhuleka, sidumisa futhi sidlale ndawonye. Asiqinisekise ukwedlulisela ubuntu ndawonye—"Ubuntu bokusiza umphakathi". Singaqala isiqubulo sethu esilula kodwa esizwakalayo esithi: "Ngizoba khona, iba khona nawe".

3. **AMAZWI OKUBONGA:** UBaba uNgcobo Kanye noBaba uMakhaye badlulisa amazwi okubonga kakhulu ngezipho Kanye nomnikelo enawenza ngeSonto lokuvaleliswa kwabo. INkosi inibusise.

4. **INTSHA YALAPHA EMMANUEL CATHEDRAL:** Bazoba nemvuselelo ngomhlaka 07 June 2019, ngo 18h00 kuya ku 6h00 ekuseni. Namukelekile nonke.

5. **BONKE ABAFUNDISA EZOKHOLO (FORMATORS):** Bamenyiwe emhlanganweni ngomhlaka 8 June ngo 14h00 e-DHC.

6. **UMHLANGANO WEZIGUNGU:** Uzoba ngomhlaka 08 June ngo 14h00 e-DHC. Abaholi mabaphathe imibiko yamaqembu abo.

IZIMEMEZELO

7. **ABAMUKELISA ISIDLO ESIYINGCWELE:** Bazoba nomhlangano ngomhlaka 08 June ngo 14h00 e-DHC. Ngeminye imininingwane ningashayela Thabi Richmond-**060 994 2445**.
8. **R.C.I.A: (A)** - Ukubhalisela ukufundela Kanye namakilasi sekuqalile. Labo abangathanda ukujoyina inkolo yobuKhatholika basengeza.
   (B) - IKhomishina ye-Neophytes izoba ngomhlaka 9 June (ngeSonto lePhentekhoste) ngeMisa langa 10h00.

9. **UMPHATHI OMUSHA:** Sekuzoba nguMfundisi u Sabelo Mkhize esizwa ngu Mfundisi u Denardo Gnanapragas. Kepha bazoqala ngomhlaka 01 Agasti 2019 ngoba u Mfundisi Sabelo uzobe esaseRome isikhashana esiyizinyanga ezintathu, kuthi u Mfundisi Denardo uzobe esaye kofunda isiZulu. Abazobamba isikhashana emuva kokuhamba kuka Fata uNkosinathi Ngcobo uma kuphela uMeyi kuzoba nguFata Simon Sibonakaliso Sibisi (ozobamba izinyanga ezimbili, ekaJune no July).

10. **PARISH CENSUS-2019:** Wonke amakholwa eneminyaka eyi-18 nangaphezulu ayacelwa ukuba agcwalise amafomu aluhlaza sasibhakabhaka etafuleni loMkhandlu. Lona umyalelo ovela kisifunda-Bhishobhi-baqoqa imininingwane yohlelo olusha lwamaPherishi-I Dyolinc. Sicelwa ukuba sibambisane.

11. **AMAFOMU EMANDETHI (DEBIT ORDER MANDATE FORMS):** Amakholwa akhokha iSondlo seBandla ngohlelo lwasebhange ayacelwa ukuba agcwalise amafomu eMandethi afunwa yibhange ngokushesha. Amafomu ayatholakala etafuleni loMkhandlu woKwalusa emva kwawo wonke amaMisa, nasehhovisi yepherishi ngezikhathi zokusebenza. **NB:** Lokhu kubandakanya bonke abakhokha ngohlelo lwasebhange (Debit Order), noma ngabe usebenzisa liphi ibhange. Siyabonga.

12. **UMHLANGANO WOMNTWANA UJESU:** Abazali abangathanda abantwana babo esebaBhabhadiswa kusukela ku (0-12 weminyaka) ukuba bajoyine bayacelwa baxumane no Ms. Balungile Mkhize ku **0728273893**.

13. **UKULETHWA KWEZIPHO:** Sicela imindeni izinikele ngesikhathi sokulethwa kwezipho ngamaSonto. Abasiza emaMiseni (Ushers) bazocela amavolontiya, sicela nihlanganyele.

14. **IROSALI:** Likhulekwa njalo ngolweSine ngo 17h00. Namukelekile nonke.

15. **IBHOKISI LEZINTO EZITHOLAKELE:** Uma kukhona okukhohliwe noma okukulahlekele ngesikhathi useMiseni uyacelwa ukuba uye etafuleni loMkhandlu woKwalusa.

16. **INDAWO YOKUPAKA:** Ngamasonto kuwona wonke amaMisa ikhona indawo yokupaka emgwaqeni i-DHC. Siyacela nilalele onogada.

17. **SOUTHERN CROSS ISSUE OF 29 - 04 June, 2019**.
    1. The Church Can't Sell God
    2. Appearances of the Risen Christ
    3. Bishops Call for National Plan of Action
    4. Fr David Marcotte SJ: Spreading Happiness
    5. Pray with the Pope this June

THIS WEEK'S EDITORIAL: Bishops' Call: For the People

UMZINDLO

UMKHULEKO

Nkulunkulu Mninimandla onke, ngokusivuselela ngamanzi nangoMoya Ocwebileyo, uyasithethelela zonke izono zethu. Ake uthume izipho zakho eziyisikhombisa zikaMoya Ocwebileyo; uMoya wokuHlakanipha nokuQonda, uMoya wokwaHlulela okuhle neSibindi, uMoya woKwazi neNhlonipho, usigcwalise ngoMoya woKwesaba iNkosi noweziMangaliso. Amen

ISONTO LEPHENTEKHOSTE – YEAR C

Isifundo sokuqala: (R1 Izenzo 2: 1 - 11) "Bonke bagcwala uMoya Ocwebileyo, baqala ukukhuluma**."**

Isiphendulo: (Hl. 103*) Ake uthume uMoya wakho Nkosi, uvuselele busha bonke abasemhlabeni.*

Isifundo sesibili: (R2 1Khor 12: 3b-7, 12-13) *"Sibhabhadiswe ngoMoya munye sonke..."*

VANGELI: (Jn 20: 19-23*) Njengalokhu uBaba athuma mina name ngithuma nina…"*

UKUKHULEKELA ABAGULAYO

Clementine Pakkies, Bongani Dlanzi, Francisca Mzizi, Iris Dlamini, Patricia Myeni, Hloniphile Cele, Sylvia Mvuyane Mpungose, Michael Francis,cecilia-antonette Chetty, Roderyk Morrison. Sicela sikhulekele abagulayo. Sineqembhu elinakekela abagulayo kanye nabadala noma ngabe basemakhaya noma ezibhedlela. Uma ufisa ukwazi kabanzi ngaloluhlelo ungaxhumana no Mama uThabile Cele kulezizinombholo zocingo: **082 781 0886** noma **031 2617848** Nomake uqonde ngqo emahhovisi epherishi uyozibika. Noma ushayele amahhovisi ethu kulolucingo **031 306 3595**. Ukuze ogulayo noma umuntu osemdala angene kuloluhlelo ungaletha (1) igama nesibongo sakhe (2) ikheli lapho ehlala khona (3) inombholo yocingo (4) bese nawe uzisho ukuthi ungubani nokuthi wena utholakalaph i.

IZINOMBOLO EZIBALULEKILE

ORGANIZATION	CONTACT PERSON	CONTACT
1. DHC Manager	Jean-Marie Ntamubano	072 549 0338
2. Nkosinathi Project	Sr Cathy Murugan HF	083 956 3726
3. SVDP	Nompumelelo Thungo	031 306 3595
4. Refugee Pastoral Care	Hupenyu Makusha	074 173 2201
5. Baptism (0—5 Years)	Lionel McDonald	072 387 8270
6. Catechism	Thandeka Nkosi	0761961923
7. Confirmation	Iris Niemack	073 646 7629
8. RCIA	Iris Niemack	073 646 7629

EMMANUEL CATHEDRAL

Cathedral Road, Durban, 4001, RSA, Tel : (031) 3063595/6 Fax: (031 3068683
CELL NUMBER: **087 004 5148**
Facebook Page: 'Emmanuel Cathedral'

ISITATIMENDE SOMBONO KANYE NOBIZO LWETHU

Umphakathi kaNkulunkulu osiza abantu.
Umphakathi owamukelanayo ogxile ezwini likaNkulunkulu.
Sithokozele ukwahlukahlukana kwethu njengomndeni kaNkulunkulu ophuphumayo ngokomoya.
Sizinikele ekuthandeni uNkulunkulu kanye nomakhelwane wethu.

UMPATHI: UBABA NKOSINATHI NGCOBO
ISEKELA LOMPHATHI: UBABA PHUMLANI MAKHAYE

USIHLALO WOMKHANDLU: UMNU. ALFRED MSOMI

ISEKELA LIKASIHLALO : UNKKZ. HELEN MCHUNU

USIHLALO WEZEZIMALI: UMNU. SADIKI KABALA

2 NHLANGULANA 2019
ISONTO LOKWENYUSWA KWENKOSI – C

Isifundo sokuqala: **Izenzo 1: 1 - 11**
"Kwathi bebhekile uJesu wenyuselwa ezulwini."

ISIHLABELELO SOKUPHENDULA: **H1. 46**

INkosi yenyukela ezulwini ngenhlokomo yokujabula, / ngokukhala kwecilongo.

1. Shayani ihlombe, nina zizwe zonke, nihubele uNkulunkulu ngephimbo lenjabulo.
Ngoba iNkosi iphakeme, iyesabeka, inguNgqongqoshe omkhulu wawo wonke umhlaba. **R.**

2. UNkulunkulu wenyuka ngenhlokomo yokujabula,
iNkosi ikhuphuka ngokukhala kwecilongo.
Mhubeleni uNkulunkulu, nimhubele!
Mhubeleni uNgqongqoshe wethu nimhubele! **R.**

3. Kungoba uNkulunkulu uyiNkosi yomhlaba wonke,
mhubeleni ingoma enhle.
UNkulunkulu uyazibusa izizwe,
uNkulunkulu uhlezi esihlalweni sakhe esiyingcwele. **R.**

INkosi yenyukela ezulwini ngenhlokomo yokujabula, / ngokukhala kwecilongo.

Isifundo sesibili: **Efesus 1 : 17 - 23**
"Wamhlalisa ngakwesokunene sakhe kweziphezulu."



Alleluya, Alleluya.
Hambani nifundise zonke izizwe, kusho iNkosi; nginani imihla yonke, koze kube sekupheleni komhlaba.
Alleluya

IVANGELI:
Lk. 24: 46 - 53
"Wathi esabahlahlamelisa wemuka kubo, wenyuselwa ezulwini."